# USARS uzinikele ekufinyeleleni esilinganisweni semali engenayo esiphezulu

**26 kuMfumfu 2022 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luyakwemukela lokhu okuhlala kugcizelelwa uNgongqoshe Wezezimali, uMnu Enoch Godongwana, ekuqinisekiseni ukuthi izimali zikahulumeni zisetshenziswa ngendlela enokulinganiseka, enempumelelo futhi ekwaziyo ukuguquka nezimo ukweseka intuthuko ephokophelwe yiNingizimu Afrika.

Umyalezo kaNgqongqoshe wenqubomgomo ugxile ekuqiniseni isithunzi sesikhwama sezimali zaseNingizimu Afrika esikhathini esimaphakathi nonyaka ngokuphatha izimali zezwe ngobuhlakani. Umsebenzi kaSARS yiwo owumongo kulokho kusebenza ngempumelelo kwemali eqoqwayo ukuba negalelo emalini edingekayo ukuze kwenziwe izinto eziseqhulwini ezizosetshenziselwa imali kwezenhlalakahle kanye notshalomali ube ungalisusanga iso lawo ezindlekweni zokukhokhela isikweletu.

Ethula isiTatimende seNqubomgomo yeSabiwomali samaPhakathi noNyaka (i-MTBPS) ePhalamende namuhla, uNgqongqoshe Wezimali wenyuse isilinganiso semali okumele iqoqwe uSARS saba ngu-R1682bn sisuka ku-R1 598bn. Kuyo yonke imali eqoqelwa uhulumeni, uSARS uhlinzeka ngo-90 ekhulwini, okwenza ukwenyuka kwemali okumele iqoqwe uSARS kubaluleke kakhulu.

“SiwuSARS, siyayemukela inselelo yesilinganiso semali eqoqwayo esiphezulu esibukeziwe. Yize lesi silinganiso esibukeziwe semali eqoqwayo senyukela, sizinikele ekwenzeni lokhu okuvunyelwa umthetho ukuze sikwazi ukubhekana nale nselelo.” kusho uKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter.

Wengeze ngokuthi “ukwakhiwa kabusha kukaSARS kuyabonakala ekuthuthukeni kokuqoqwa kwemali engenayo. Sibekela indawo entsha isisekelo esiqinile, okuyinhlanganisela yokuqonda okuholwa yimniningo, ingqalasizinda eyenza kwenzeke yolwazi nobuchwepheshe kanye nokuqasha izisebenzi ezinamakhono, konke okuyisidingo ukuze lolu hambo lokuya esikhathini samanje lube yimpumelelo. Sizinikele ngokulinganayo ekulwisaneni nobugebengu kanjalo nezenzo ezingemthetho. USARS usukusebenzise indima enkulu lokhu okwaba yizincomo zeKhomishini kaNugent, kanti lezi zincomo ezisilele zona zisaqondaniswa nalezo zeKhomishini kaZondo ngokubanjwa kombuso ngobhongwane.”

Kulo nyaka uSARS ugubha iminyaka engamashumi amabili nanhlanu selokhu wasungulwa ngokusemthethweni mhla lu-1 kuMfumfu 1997 ngokuhambisana noMthetho woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika. Umthethonqubo unike isikhungo umyalelo ocacile wokuqoqa zonke izimali okumele ziqoqwe, ukuqinisekisa ukuthi bonke

abakhokhintela bayayithobela imigomo yentela nokuxhumanisa ukuhweba, kanjalo nokuvikela umnotho, umphakathi kanye nemingcele yethu. Selokhu wasungulwa eminyakeni engama-25, uSARS usuqoqe imali eyevile ku-R18 trillion ukuze kuthuthukiswe inhlalakahle nomnotho wezwe.

Izimali ezingacozuliwe zentela engenayo kulindeleke ukuba zeve ngo-R83.5bn kulokhu okulinganiselwe okwethulwe ngesikhathi seSabiwomali sowezi-2022 kunyakamali wezi-2022/23, ibe intela yemalingeniso yenkampani kulindeleke ukuba ibe ngu-R62.8 bn. Ukuqoqwa okukhulu kwentela yemalingeniso kulindeleke ukuba ibe ngaphezulu ngo-R8.2 bn uma kuqhathaniswa nesilinganiso seSabiwomali Esibukeziwe sowezi-2022.

Kulandela ukuqala kahle konyaka lapho ukukhula kwe-GDP yangempela yaseNingizimu Afrika idlula okwakulindelekile, inyuswa imisebenzi yasemigodini yango-Q1-2022, umnotho ubuye washayeka kukota yesibili kowezi-2022 ngenxa yezithiyo kwezomnotho nakuleli nasemhlabeni wonke, ezifana nengxabano phakathi kweRussia-Ukraine, izikhukhula e-KZN nakwezinye izifunda kanjalo nezingxabano kwezemisebenzi nabasebenzi.

I-GDP yaseNingizimu Afrika kulindeleke ukuba ikhule ngo-1.9% kowezi-2022 kusuka ku-4.9% kowezi-2021, kuthi kowezi-2023 kulindeleke ukuba yehle iye ku-1.1%. Imali eqoqiwe kuze kube mhla zingama-30 kuMandulo 2022, ibe ngu-R784.8bn, ebe nomphumela wokukhula ngo-R64.7bn (9.0%) uma kuqhathaniswa nemali eyayiqoqwe ngonyaka owedlule engu-R751.0bn. Yonke imali eqoqiwe uma iqhathaniswa nonyaka owedlule ikhombise ukwenyuka ngaphandle kweNteliso Yezinikimandla okukhombise ukuncipha ngo-R9.1bn (-20.9%). Ukukhula kwesikhathi esingunyaka kuze kube manje kuthe ukuthinteka ngenxa yezimali ezikhokhwayo ezibuyela abantu ezaba ngu-R32.5bn (20.9%) ezaba ngaphezulu kwezangonyaka owedlule, kanye nezimali ezibuyela abantu zeNtelantengo ezingu-R26.2bn (21.0%) ezazingaphezulu engxenyeni yokuqala yonyaka.

Kusabiwomali kuNhlolanja 2022, izimali eziqoqiwe bekulindeleke ukuba zikhule ngo-3.3% (R1547bn yaya ku-R1598bn). USARS uyaqhubeka nokwenza ngcono ukusebenza kalula ekuphathweni kwemalingeniso yentela ngokusebenzisa amasu abhekiswe ekuthotshelweni kwemigomo ukuze sikwazi ukufinyelela esibalweni esiphezulu sabakhokhintela abathobela imigomo yentela.

UMnu Kieswetter wengeze ngokuthi, “Yize ukusebenza komnotho kubalulekile ekuqoqweni kwemali, izinhlelo zikaSARS zenzelwe ukuphambana nomthelela omubi womnotho wakuleli nowasemhlabeni wonke.

“Imizamo kaSARS yokuthotshelwa kwemigomo yentela kube negalelo lika-12% emalini eqoqiwe isiyonke. Lokhu kuhambisana nendlela yethu yokusebenza yokuphathwa kwemali eqoqiwe esiyenze imizamo yethu yenza kwengezwa u-R92.5bn emalini eqoqiwe engu-

R784bn kuze kube manje. Okunye okukhona emizamweni yethu yokuthotshelwa kwemigomo izindawo ezimayelana nokuqoqwa kwesikweletu semali, ukunqanda izicelo zokukhokhelwa zezimali ezibuyiswayo ezingavumelekile futhi eziwukukhwabanisa, ukuphathwa kokudalula kokuzithandela, ukulwisana nobugebengu bentela nentela yezimpahla emingceleni kanjalo nokubuyekezwa kokukhwabanisa nokulawulwa kwempahla emngceleni."

Ukukhombisa leli phuzu, uKhomishana uthe imizamo yokuphatha yakwaSARS eyenziwe kulo nyakamali ukuze kuqoqwe imali ngokuthobela imigomo, ibandakanya:

- amacala esikweletu angama-831,797 kanye nezincwadi eziyi-186,691 ezikhishiwe futhi ezilandelelwe ngempumelelo, okuholele ekuqoqweni kwemali engu-R 35.2bn.
- USARS unqande izicelo zokukhokhelwa kwemali ebuyayo okungavumelekile futhi okungukukhwabanisa ukuba zingadluliswa
- Ukubekwa kwamathimba akhethekile abhekene nokuhlolwa kokushaya emhlolweni bezinkokhelo zentela zesikhashana, okuholele ekuqoqweni kuka-R8.4billion.
- Ukungenelela kweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni okuyi-2,675 kuholele ekuqoqweni kuka-R1.2 bn.
- Umsebenzi kaSARS ezindaweni zobugebengu obuhleliwe bentela naseHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni uyakhula, nohelele ekuqoqweni kuka-R1.9bn.
- Kwatholakala umyalelo wenkantolo owodwa (1) wokugcina izimpahla zenani lika-R150 million.
- Isilinganiso senani lempahla ezingaphansi komyalelo wokugcina impahla cishe singu-R2.9 billion.
- Kudliwe impahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu yenani elingu-R2.3 bn.
- USARS ungenelele ohwebeni olungemthetho olungama-478, okuholelwe ekuboshweni okungama-403 nokubanjwa okungama-252.

UMnu. Kieswetter uthe, "uSARS uzoqhubeka nokwenza ngcono usizo olunika abakhokhintela nabahwebi ngokuhlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso ukwenza bakwazi ukuhlangabezana nezibophezelo zabo ngokomthetho, nokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela nabahwebi abangathobeli imigomo yentela. Amandla okunyusa ukusetshenziswa kobuchwepheshe, ikakhulukazi ukusetshenziswa kwemininingo eminingi, ukufunda kusetshenziswa imishini kanye nokusetshenziswa kwemininingo evela kumuntu wesithathu nakho kuzoqhutshekwa kukhuliswe." USARS usendleleni yokuthuthukisa ukusebenza kwemali yawo ngokuhambisana noMbono wowezi-2020-2025 kanye neNhlososu yokuThobela Ngokuzithandela.

Ukuhlolwa kokukhwabanisa, ukudalula ngaphansi kokufanele, ubugebengu bentela eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, kubandakanya izenzo ezingemthetho kanye namasu

axhumene nalawa macala ahlobene nokubanjwa kombuso ngobhongwane, kuzoqhubeka kube yikho esigxila kukho.

USARS ukhuthaza abakhokhintela ukuba basebenzise uhlelo lokudalula ngokuzithandela ukuze izindaba zabo zentela zihlale zilungile. Kodwa-ke, abakhokhintela kumele badalule ngokuzithandela uma kukhona okungahambi kahle kwaSARS, ngoba uhlelo lolu ngeke lusaba khona lapho uSARS esezitholele yena ngalokhu kungathobeli. Mayelana nalokhu, uSARS uzokwazisa ngeminye imininingwane ngendlela yokungena kulolu hlelo. USARS usendleleni yokuphinda wenze ngcono ekusebenzeni kwemali ngokuhambisana noMbono wowezi-2020-2025 kanye neNhlososu yokuThobela Ngokuzithandela.

UMnu. Kieswetter uthe, “Ngokubheka lawa mathuba angenhla, kanye nokunyuka kwezinga labakhokhintela nabahwebi lokuthemba uSARS, sikholwa ukuthi umsebenzi wethu nokunyusa izinga lokugxila kokuphokophelwe umyalelo wethu kuzoqinisekisa ukuthi siyafinyelela kulokhu okulindelekile okugagulwe uNgqongqoshe.”

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za

# 25 year of serving a Higher Purpose, Your Tax Matters!